# IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

# UMlimi NeMbewu



Ibhalwe ngu: Edward Hughes
Kwabonakala ngu: M. Maillot; Lazarus
Ifanekiswe ngu: E. Frischbutter; Sarah S.
Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala
Alastair Paterson
Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

BFC
PO Box 3
Winnipeg, MB R3C 2G1
Canada

©2020 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.



Ngelinye ilanga uJesu wayefundisa ngasogwini lwechibi. Kwafika abantu abaningi bezomulalela.



Isixuku sabasikhulu kakhulu. Kaze uza kwenze njani uJesu?


Ebona isikebe eduze, uJesu waghibela kusona. Manje wayezokwazi ukubona abantu futhi nabantu babezokwazi ukumuzwa.
3
UJesu waqala wabaxoxela ngemifanekiso – izindaba zezinto ezijwayelekile zansukuzonke, ezazifundisa abantu ngoNkulunkulu.
4
"Umlimi wasabalalisa imbewu ensimini yakhe." Indaba kaJesu yayinjenge sithombe sengqondo esinamagama ayi umdwebo nje kuphela.
5
Abantu babesibona isithombe somlimi esebenza engqondweni yabo. Kade babeyibona into efana nale mihla namalanga.
6
Enye yembewu yasabalela endleleni yabahambayo. Shwi! Izinyona zehla ukuzoyidla.
7
Enye yembewu yahlala ematsheni. Yakhula yaba isitshalo esincane. Ilanga elishisayo lasishisa isitshalo ngoba asikwazanga ukufaka impande zaso umhlabathi wawomuncane.
8


Enye yembewu yayinezimpande emaveni. Ayizange yakhiqiza. Ameva akhula kakhulu, avimba ilanga kanye nezimvula ezazidingwa imbewu.
9
Imbewu esele yawela emhlabathini olungile. Ngokudlula kwesikhathi, amahlumela aba izitshalo ezinempilo futhi ezikhiqizayo. Umlimi kufanele ukuba wayejabule kakhulu.
10
Ekupheleni kwendaba, abafundi beza kuJesu. “Kungani ufundisa ngemifanekiso na?” besho bebuza.
11
UJesu wathi imifanekiso isiza abantu ukuba baqondisise ngoNkulunkulu uma bemuthanda ngempela. Abantu abangamuthandi uNkulunkulu abakwazi ukuqondisisa imifanekiso.
12
UJesu wachaza umufanekiso. Wathi imbewu izwi likaNkulunkulu. Ibewu esendleleni yabahambayo ifana nomuntu olizwayo kodwa ongaliqondisisi izwi likaNkulunkulu. USathane ubenza bakhohlwe ukuthi utheni uNkulunkulu.
13
Abanye abantu balithola ngokushesha izwi likaNkulunkulu. Bafana nembewu esematsheni. Kodwa uma umuntu wahlekisa ngabo noma wenza izinto zibe nzima ngoba bathanda uNkulunkulu, kwenzeka into edabukisayo.
14













UMlimi NeMbewu

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Mathewu 13

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

19




43

60

20

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16